


**NguMongameli**
**uHenry B. Eyring**
Ikhansela Lokuqala
kubuMongameli Bokuqala

# Izwi le Nkosi

Imfundiso kanye Nezivumelwano simema bonke abantu kuyonke indawo ukuba bezwe izwi leNkosi uJesu Krestu (bona D&C 1:2, 4, 11, 34; 25:16). Ligcwele imiyalezo Yakhe, izixwayiso, kanye nokugqugquzela okunamandla okunikezwe ngesambulo kubaprofethi abakhethiwe. Kulezambulelo sabona ukuba uNkulunkulu uphendula kanjani imithandazo yethu yokholo kanye nemilayezo enomyalo, uxolo, kanye nesixwayiso.

Emithandazweni yethu sifuna ukwazi ukuthi uNkulunkulu angafuna senzeni thina, kumele senzeni ukuze sithole uxolo kanye nenjabulo kulempilo futhi nakwezayo, futhi nokuthi kusiphatheleni ngaphambili kwethu. Imfundiso kanye Nezivumelwano igcwele izimphendulo yalemimbuzo enjena ebuzwa ngabantu abajwayelekile kanye nabaprofethi kumthandazo ozothile. Ingaba indlela ekhombayo eyigugu yokufundisa thina ukuba sikwazi ukuthola izimpendulo zalemibuzo mayelana nempilo yethu yasemhlabeni kanye nensindiso engunaphakade.

Ukuzithoba kanye nokholo eNkosini uJesu Krestu kuyisikhiye. uOliver Cowdery wathola impendulo evela eNkosini mayelana nesifiso sakhe sokusiza ukuhumusha iNcwadi kaMomoni: " Khumbula ukuthi ngaphandle kokholo angeke wenze lutho; ngakho-ke cela ngokholo. Ungazithathi kalula lezinto; ungaceli lokho ongamele ukuba ukucele" (D&C 8:10).

Ngokuphindaphinda kwiMfundiso kanye Nezivumelwano, iNkosi ifuna ukholo kanye nokuzithoba ngaphambi kokuba anikeze usizo Lwakhe. Enye yezizathu ngalokhu ukuthi izimpendulo Zakhe ngahle zingezi ngendlela esiyilindele. Futhi angeke zahlala ngasosonke isikhathi zilula ukuba sizamukele.

Umlando weBandla kanye nezimfundiso zabokhokho bethu zikhombisa lesenzo sangempela. Ukhokho wami uHenry Eyring wathandaza ngokuzimisela ukuba azi ukuthi kumele enzeni ngenkathi ezwa ivangeli elabuyiswa lifundiswa ngo1855. Impendula yeza ngephupho.

Waphupha ukuthi wayehlezi etafuleni kanye neGosa Erastus Snow weKhoramu Yabapostoli Beshumi Nambili kanye negosa elalibizwa ngokuthiwa uWilliam Brown. iGosa uSnow wafundisa imithetho yevangeli isikhathi esabukeka ngathi ihora. iGosa uSnow wasethi, "Egameni likaJesu Krestu ngikuyala ukuba ubhabhadiswe futhi lendoda [iGosa uBrown] . . . uzakubhabhadisa."[1] Umndeni wami ujabulile kakhulu ukuthi uHenry Eyring wayenokholo futhi nokuzithoba ukuba abhabhadiswe ngo 7:30 ekuseni emfuleni wamanzi emvula eSt Louis, Missouri, USA, ngu Gosa uBrown.

Impendulo yomthandazo wakhe azange ize ngezwi elizwakala kalula elivela eNkosini. Yeza njengesibonakaliso kanye nephupho ebusuku, njengoba kwenzeka kuLehi (bona 1 Nifayi 8:2).

iNkosi yasifundisa ukuthi izimpendulo zingaphinda zize njengemizwa. Kwimfundiso kanye Nezivumelwano, Wafundisa uOliver Cowdery, "Qaphela, Ngizakutshela enqondweni yakho futhi nasenhlizweni yakho, ngo Moya oNgcwele, ozakuza phezu kwakho futhi uhlale enhlizweni yakho" (D&C 8:2).

Futhi wagqugquzela uOliver ngalendlela: "Ngikhulume ngoxolo engqondweni yakho mayelana naloludaba na? Ubufakazi obungakanani ongabuthola ukwedlula lobo obuvela kuNkulunkulu?" (D&C 63:23).

Imfundiso kanye Nezivumelwano, umlando weBandla, kanye nomlando owagcinwa ngu Henry Eyring kumsebenzi wakhe wobufundisi emva nje kokubhabhadiswa kwakhe kwafundisa mina ukuba izimpendulo zingezwakala njengezixwayiso futhi nangoxolo.

Ku April 1857, iGosa uParley P. Pratt weKhoramu labaPostoli Beshumi Nambili waya kwinhlangano eyaziwa njengamanje ngokuthiwa yiOklahoma, eUSA. uHenry Eyring wabhala phansi ukuthi ingqondo yeGosa uPatt yayigcwele imicabango eyayidabukisa . . . , eyayinzima ukwehlukanisa ikusasa noma enye indlela yokubaleka."[2] uHenry wabhala phansi izindaba ezidabukisayo masishane emva nje kokubulawa kwabaPostoli. iGosa uPratt waqhubeka ngohambo lwakhe ngaphandle kokucabanga ngobungozi, njengoba uMprofethi enza ngokuhamba eya eCarthage.

Kungububufakazi bami ukuthi iNkosi njalo iphendula imithandazo ezothileyo yokholo. Imfundiso kanye Nezivumelwano kanye nezifundo zethu zisifundisa ukuba singazibona kanjani lezompendulo futhi sizamukele ngokholo, noma zingabe ziqondile, ziqinisekisa iqiniso, noma ziyisixwayiso. Ngiyathandaza ukuthi njalo singalalela futhi sibone izwi elinothando leNkosi.

**AMANOTHI**

1. "The Journal of Henry Eyring: 1835–1902" (umbhalo ongakhishiwe ugcinwe umbhali wawo).
2. "The Journal of Henry Eyring: 1835–1902."

### UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

1. Cabanga ngokufunda ndawonye izigaba mayelana nomthandazo kulomlayezo. Njengoba ufunda, buza amalungu omndeni ukuba alalele ngokucophelele ukuba uNkulunkulu uphendula kanjani imithandazo. Cabanga ngokubeka ubufakazi bakho ngokubaluleka komthandazo.

2. Imfundiso kanye Nezivumelwano igcwele izimpendulo yalemibuzo ebuzwa ngabantu ngomthandazo. Kungabanjani uma lezimpendulo zalemibuzo yabo (izambulo) azange zibhalwe phansi? Gqugquzela umndeni ukuba ufunde ukwazi ukubona kanye nokulandela imiyalo woMoya. Bangafuna ukubhala phansi imicabango yabo mayelana nomthandazo kwijenali yabo.

## INTSHA

### Ukulalela Ukugqugquzelwa

**Ngu Maria Isabel Molina**

Ngobunye ubusuku umzala wami wabaleka ekhaya, ngase ngiphangisa ngiyomcinga. Ngenkathi ngishayela, Ngathandaza ukuba uMoya ongcwele ungisize. Ngangazi ukuthi uNkulunkulu uzangiphendula futhi angihole, futhi ngazama ukulalela ukugqugquzelwa nguMoya ongcwele. Kepha ngenkathi ngingezwa lutho, ngazizwa ngiphelela ithemba futhi ngezwa ukuthi uMoya wawungangigqugquzeli.

Noma-ke ngangifuna ukuyaphambili ngokucinga, ngazizwa ukuthi kumele ngihlale endaweni eseduzane nekhaya likamzala wami. Ngase ngicabanga ukuba ngishayele eduzane kwendawo futhi. Uma ngima empambanamgwaqo, ngabona isithunzi sentombazana encane ihamba. Ngimtholile umzala wami!

Njengoba ngiphuma enqolweni futhi ngimgijimela, ngabona ukuthi uMoya ukade ungihola sonke lesikhathi ngokusiza mina ngizwe ukuthi kumele ngihlale endaweni eyodwa. Ngoba ngangilalele izwi elithulile, ngacishe ngangalaleli ukugqugquzelwa nguMoya. Khona manjalo ngazizwa ukuthi esikhathini esiningi angeke sizwe, kepha sizwa imibono ezinhlizweni zethu.

Ngabonga ngokuholwa nguMoya. Kuyiqiniso uhlala ekhona njalo! Njengoba imibhalo engcwele isho, "uMoya oNgcwele uzohlala ungumngane wakho" (D&C 121:46).

Uma silungele ukuholwa nguMoya futhi silalelisa kahle, sizoba amathulusi ezandleni zikaNkulunkulu ukuba senze okulungile kubantu abaningi. Kanye noMoya owumngane ohlezi njalo unawe, sizakuyazi indlela okumele siyihambe.

## IZINGANE

### Umthandazo Oyisehlo esingajwayelekile

UMongameli uEyring ufundisa ukuthi umthandazo ungaphendulwa ngezindlela ezahlukene eziningi. Ungaba nesehlo esingajwayelekile ekufuneni

imibhalo engcwele ukuba uthole ezinye zalezo zindlela.

Funa umbhalo owodwa ongezansi. Kwijenali yakho, bhala amagama ambalwa achaza ukuthi lemibhalo isho ukuthini mayelana nezimpendulo zomthandazo.

Futhi ungaphinda ubhale kwijenali yakho mayelana nezifundo zakho ozitholile ngemithandazo eyeyaphenduleka.

uJohane 14:26
Enosi 1:4–5; 23
uMozaya 27:14
uMoroni 10:4
Izaga 8:10–11

© 2013 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA. Isingisi esivunyelwe: 6/12. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/12. Ukuhumushwa ko *First Presidency Message, January 2013* isiZulu. 10661 783

# Umsebenzi Wobufundisi Bezenkolo

*Funda lomlayezo futhi, ngokufanelekile, xoxa ngawo nalabo dade obavakashelayo. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlangano Yomame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile yempilo yakho.*

**Ukholo, Umndeni, Inkululeko**

Abangcwele bezinsuku-zokugcina bayathunyelwa "ukuyosebenza ensimini [yeNkosi] ukuze kusindiswe imiphefumulo yabantu" (D&C 138:56), kuphathelene nomsebenzi wobufundisi bezenkolo. Asidingi ukuba sibizwe ngokusemthethweni ukuze sabelane ngevangeli. Abanye izimpilo zabo ezizawubusiswa ngevangeli baseduzane nathi, njengoba sizilungiselela, iNkosi izakusisebenzisa. Othisha bokuvakasha bangakhombisa uthando lwabo kumsebenzi wabo wokomoya futhi basize "ukudlulisa ukungafi ngokwenyama kanye nempilo yangunaphakade kumuntu" (uMose 1:39).

Ngenkathi uMprofethi uJoseph Smith ehlanganisa Inhlangano Yabesimame Yenkululeko ngo1842, wathi abesimame abamele baqaphe abampofu kuphela kepha baphinde basindise imiphefumulo.[1] Lokhu futhi kungumsebenzi wethu.

"iNkosi . . . inikeza ubufakazi beqiniso kulabo abazakwabelana kanye nabanye," wakhuluma uMongameli uDieter F. Uchtdorf, iKhansela Lesibili kubuMongameli Bokuqala. "Kakhulukazi, iNkosi ilindele amalungu eBandla Lakhe ukuba 'bavule [imilomo yabo] ngasosonke isikhathi, bakhulume ngevangeli [Lakhe] ngokujabula okuzwakalayo (D&C 28:16). . . . Ngesinye isikhathi ibinzana elinye lobufakazi lingenza izehlakalo zinyakaze lezo ezithinta impilo yomunye ingunaphakade."[2]

### *Kuvela Embhalweni Ongcwele*

Imfundiso kanye Nezivumelwano 1:20–23; 18:15; 123:12

### *Kuvela Emlandweni Wethu*

Indaba ka Olga Kovářová wase Czechoslovakia yakuqala uyisibonelo selungu lomsebenzi wabafundisi bezenkolo kumlando wethu weNhlangano Yabesimame Yenkululeko. Ngeminyaka yo 1970, uOlga wayefundela ubudokotela futhi ezimisele ngempilo ejulile yomoya ongcwele. Wayebuka owayeneminyaka engu 75 ubudala uOtakar Vojkůvka, owayengoNgcwele Bezinsuku-zokugcina. "Wayebukeka kimi aneminyaka eyishombisa nanhlanu ubudala kepha enhlizweni yakhe wayecishe asondele kwishumi nesishagalombili futhi egcwele injabulo," wakhuluma. "Lokhu kwakungajwayelekile eCzechoslovakia ngalesosikhathi sokungakholwa."

uOlga wabuza uOtakar kanye nomndeni wakhe ukuba bayithole kanjani injabulo. Bamazisa kwamanye amalungu eBandla futhi bamnikeza incwadi kaMomoni. Wayifunda ngokuzimisela futhi masisha wabhabhadiswa futhi waqiniswa. Kusukela ngalesosikhathi uOlga waba ngumuntu onentshisekelo esikhathini eside emhlabeni wencidezelo kwezombusazwe kanye nokuhlukunyezwa kwezenkolo. Wasebenza njengoMongameli Wenhlangano Yabesimame Yenkululeko kwigatsha lakhe futhi esiza ukusindisa imiphefumulo yabanye ngokubaletha kuKrestu.[3]

**AMANOTHI**

1. Bona *Izimfundiso zaboMongameli beBandla: uJoseph Smith* (2007), 451.
2. uDieter F. Uchtdorf, "Waiting on the Road to Damascus," *Liahona,* uMeyi 2011, 76–77.
3. Bona *Amadodakazi Embusweni Wami: Umlando kanye Nomsebenzi Wenhlangano Yabesimame Yenkuleko* (2011), 105.

### *Ngingenzenjani?*

**1.** Ngiyalandela ukugqugquzelwa uMoya oNgcwele njengoba ngabelana ngobufakazi bami kwabanye odade engibavakashelayo na?

**2.** Ngibasiza kanjani odade engibaqaphile ukuba bafunde ivangeli?

Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku www.reliefsociety.lds.org.

© 2013 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA. Isingisi esivunyelwe: 6/12. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/12. Ukuhumusha kwe *Visiting Teaching Message, January 2013.* isiZulu. 10661 783